**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

2. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

   | | | |
   |---|---|---|
   | ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
   | ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |

3. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

4. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

8. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| *1. Amanyala enyoka* | 35 | 4 |
| | | |
| 2. *Umshado* | 35 | 8 |
| | | |
| | | |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| *3. Kusakusa* | 35 | 11 |
| | | |
| *4. Icala Kaliboli* | 35 | 16 |
| | | |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| **ISIQEPHU** | **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **IMIBUZO EPHENDULIWE** | **THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE** |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *Amanyala enyoka- Mandla Ndlovu*

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-A no-B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Kwahlwa emini kuPat ngesikhathi imoto eyibona iqeda imizi ingena shi ehlathini likagamuthilini. Nakuba wayengazi ukuthi kungakuphi kulelo jele ayiswa kulo kodwa wafunda kwezakhe ukuthi awukho umgwaqo oya ejele owubhuqu. Wakhushuza kakhudlwana engazi nokuthi uzobuza athini kuKaputeni kwayena ayengasamthembi. **Wazilahla amathambo wambuza** wathi:

“sisaya ejele nje Kaputeni ngalo mgwaqo?” ebuza sakwesaba. “Vala umlomo wakho ubuke kuphela ukuthi siya kuphi,” wamkluluza ngelesabekayo iso leli esibukweni.

“Angithi wena uthe ufuna sixoxe?” embuza sakumfutha.

“Yebo ngisho njalo impela.”

“Pho ubuzani? Noma ufuna ngiqale ngikuvalele esitokisini kuqala kuyima sixoxa? Hhi?” Wamjamela ebusweni isikhathi eside engasabhekile lapho imoto iya khona kanti iyagijima injalo nje.

Inkukhu yanqunywa umlomo kuPat, wakhetha kona ukuqhubeka nokubakaza.

Yaguduza imoto ehlathini yaze yaqhamukela edamini elikhulukazi. Wayitotobisa imoto uKaputeni yaye yangena emasangweni amakhulukaza. Yehla kancane yaze yavinjwa wuthango lwezinsimbi oluhlukanisa idamu nendawo yokupaka izimoto, kanye nendawo yokuphola abantu enezihlalo namatafula kukakhonkolo.

Wayicisha imoto uKaputeni imi phambi kwedamu elalithe thabalala le ezansi.

Waphuma emotweni esephethe okhiye ngesandla. Wavula isicabha esingemumva waqaqa uPat izinsimbi ngaphandle kokuthi vu.

“Eyi, ngiyabonga Kaputeni. Kungathi ngiyaphupha,” ebukisisa izihlakala zakhe uPat zinemimzizima yozankosi.

Wayalelwa ukuba ehle ngemumva uPat angene ngaphambili. Ngaphandle kokuthandabuza wenza njalo. Wavulelwa isicabha wangena.

Wayalelwa ukuba ehle ngemumva uPat ahlale ngaphambili. Ngaphandle kokuthandabuza wenza kanjalo. Wavulelwa isicabha wangena.
Wajikela kwesakhe isihlalo uKaputeni wahlala waze waqhiyama esihlalweni ayesilalisile. Waxegisa uthayi, wakhumula izicathulo wasala ngamasokisi. Unyawo lwangakwesokudla walugaxa esukhaleni sewindi.

1.1 Ubani igama eliphelele likaPat? (1)

1.2 Yini ayifunda kwezakhe uPat? (1)

1.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyayidala ukuba uPat akhushuze kule moto? (2)

1.4 Kwabe kuyini inhloso kaKaputeni ukuyisa uPat edamini? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Umusho ongezansi obhalwe ngokugqamile uchaza ukuthi:
**Wazilahla amathambo** wabuza.

A. Waziduduza ngokubuza.
B. Wazikhohlisa ngokubuza.
C. Wazidela wabuza.
D. Wabuza ngokusaba. (2)

1.6 Ngamaphuzu AMABILI fingqa ngokwenzeka phakathi kukaPat noKaputeni epaki. (2)

1.7 Yini eyenziwa uPat eyakhombisa ukungathembeki emshadweni wakhe. (2)

1.8 UTebza kwakunguye ungqondongqondo ekuboshweni kuka Pat. Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende bese usekela impendulo yakho. (2)

1.9 Umbhali uphumelele yini ekukhetheni isihloko esihambisane nokwenzeka endabeni. Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

1.10 Hlaziya le ndaba ngokwesizinda senkathi. (2)

1.11 Chaza ubudlelwano obuphakathi kukaTebza noThiza. (2)

1.12 Ngokucabanga kwakho uSindi wabe emthanda ngokweqiniso yini uPat. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**ISIQESHANA B**

Waphinda futhi uLindo wabhekisisa inombolo yomuzi wayibona ibhalwe ngezinombolo ezigqamile ukuthi 755. Sathi gidi isibindi wabe eseqala engqongqoza. Nakhona njengoba engqongqoza wenza ngokusaba. Ngokwakhe wayesalindele iphimbo elizombuza ukuthi 'ngubani loyo' noma lithi 'ngena'.
Kunalokho kwavele kwavuleka isicabha. Kwathi memfu umuntu wesifazane athi uma embheka wambona eyintanga yakhe. Muhle nangu umuntu wesifazane. Uthe klwi, ulingene ngomzimba wase wathi ukuzotha ngebala. Unesikhumba esihle esibushelelezi esiphuphuzela uboya kancane. Wayengakazanelisi ngokuzitika ngobuhle balo muntu wesifazane uLindo ngesikhathi ezwa elimtoti iphimbo leli lithi:
"Sawubona bhuti," emoyizela qede kuthi faca ezihlathini.
"Yebo sisi. Ninjani kodwa?" kusho uLindo amehlo ewadilizela esifubeni.
Emzimbeni ubhince ithawula elihamba phezu kwamabele nawo okubonakalayo nje ukuthi mancanyana futhi awabhekile inhlabathi kodwa abheke yena uLindo. Isifuba esivele sisulekile. Ithawula leli kubuye kube sengathi liyehla kancane kuvele izinsunsumbana zalawa mabele okungathi awejongosi.
"Ngiyaphila. Ngicabanga ukuthi unguLindokuhle?" intokazi imebe ngamehlo isheshe iwabalekise ingafuni ukuthi ahlangane.
"Nginguyena impela. Nami ngicabanga ukuthi kukaNhlapho lapho ekhaya," aphinde awehlise amehlo akhe uLindo.
Lapha okhalweni ithawula liyazintantela nje, kwavele kwacaca kuLindo ukuthi intokazi ishile lapha okhalweni. Ithawula lize liqale ukubambeka lapha emaceleni kwalapho kuqala khona imilenze. Libambekile impela ithawula lapho ngoba seliza laba nomqhewu owenza ukuthi kulokhu kuvela amathanga. Kuvela amathanga okungathi awetshitshi elisahamba umkhosi woMhlanga. Yaze yapakisha nansi ingane bo, ikhuluma yodwa buthule insizwa.

1.13 Ukuziphatha kukaSindi phambi kukaLindokuhle kumveze njengomuntu onjani? (1)

1.14 Wayekuphi uPat ngesikhathi kwenzeka konke lokhu okusesiqeshini? (1)

1.15 Yini ekhombisa ukuthi uPat wabe emdala kakhulu kunomkakhe uSindi? (2)

1.16 Imaphi amaqhinga uPat azama ukuwasebenzisa ukuze avimbe uLindo ukuba avakashe. (2)

1.17 Ngamaphuzu AMABILI phawula ngesiphetho sale ndaba. (2)

1.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.18.1. ULindokuhle | A. IseMgungundlovu |
| 1.18.2. EMbali | B. Indodana KaMthunzi |
| 1.18.3. UMthunzi | C. Isoka likaSindi |
| 1.18.4. EMphithi | D. Uyise wengane kaPat |
| 1.18.5. UTebogo | E. Ilokishi elalihlala oPat |

1X5 (5)

**[35]**

**UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

“Sifiso ngibone inkokazi enhle kabi ekuseni.”
“Ubuyibonephi izingane zalapha zizimbi kangaka?” “Ngenkathi ngiza lapha emsebenzini. Okusemqoka-ke ukuthi ngicabanga ukuyeshelela umshado nje kwaphela.”
“Kahle wena bo! Uqala nje ukuyibona?”
“Into ukuthi angazi ngingakuchazela kanjani. Ibigqoke kahle mfowethu ishaye ezimnyama bhuqe. Ubuso lobu kuyipetshisi. Andisaphathi ithanga layo mfowethu, ngithe uma ngilithi nhla, kwagijima igazi ngokushesha.”
“Angiyethembi le nto ongitshela yona Bhekani. Uthi kakusiye **umfelokazi** lowo? Ubekhindeleni uze ubone amathanga ache nje? Sengathi akanasimilo nje lo muntu ombonile ndoda.”
“Ubuntu unabo mfowethu. Uyazi, kuwe iduku lami wangicoshela yena. Ngabona ukuthi cha usaphila-ke lo muntu. Hhayi ukuthi ubekhindile mfowethu isiketi besilokhu sipheshulwa umoya ngemuva.”
“Izingubo ezimnyama-ke zona?”
“Leziya Sifiso ezomswenko nje, akusiyo inzilo.”
“Uboqaphela Bhekani ungahlangani nezimbila zithutha lapha eNyawushane. Kuningi vele okugaqele bona abangakashadi njengani. Mhlolisise kahle lo muntu wakho. Nazane weneliseke kube yisikhathi ukhuluma ngomshado.”
Asingenanga kahle lesi seluleko ezindlebeni zikaBhekani. Zase zivalwe uthando. Zase zivalwe uvalo lwephupho nolaka lukanina. Wayazi kahle ukuthi uma efika ekhaya unina uzombuza ukuthi ucabange wagcinaphi.

2.1 Obani amagama alaba ababili abakhuluma kulesi siqephu? (2)

2.2 Basebenza umsebenzi muni laba abakhuluma lapha? (1)

2.3 UBhekani wayehlangane kuphi nale ntokazi ayeseyithanda kangaka? (1)

2.4 Bhala izinto EZIMBILI ezenza athande uTholakele ngokwalesi siqeshana. (2)

2.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

' Uthi kakusiye **umfelokazi** lowo? (2)

2.6 Bhala isizathu esenza ukuthi uSifiso asole ukuthi uTholakele ungumfelokazi. (2)

2.7 Yisiphi isizathu esenza ukuba uBhekani afune ukuganwa/ukushadelwa masinyane. Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

2.8 Le ndaba yenzeka endaweni yakuphi?. (1)

2.9 Uyavuma noma uyaphika ukuthi umlandi/umxoxi ungomunye wabalingiswa bale noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE

2.10.1 Bhala isibonelo sodweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. (2)

2.10.2 Isingeniso (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

| |
|---|
| Aphindele emuva eshesha uBheki esejahe ekhaya. Uhamba nje uyacabanga. Ufisa ukubona ukuthi wenzani lo mlungu noTholi. Wazitshela ukuthi uzozama ukuthola ithuba lokuyolunguza ngefasitela. Acabange aze afike ekhaya.<br>'Izinto ezithintana nabaphansi azijahwa mfana wami. Manje yena lo makoti uyoze afike nini lapha? Ngelanga lomshado kuphela?'<br>Athule uBheki. Acabange lo mqansa obekwa unina. Inhliziyo yakhe nokho ithi ukwesasa. Sengathi unina uyehla manje.<br>“Sengibuyile Lindiwe.” Ambuke kahle-ke manje uLindiwe uBheki. Wayengashintshile uLindi. Emuhle njengakuqala. Ugcwele umzimba wakhe. Uyindoni yamanzi. Isihluthu sakhe sihle sisetshenziwe.<br>“Ungibukani kangaka Bheki?”<br>“Ngifuna ukubona ukuthi nguwe ngempela yini.”<br>“Yimi mtakwethu.”<br>“Usafundisa namanje Lindiwe?”<br>Yebo ngisafundisa Wena sewayeka yini?”<br>“Nami ngisafundisa.” Bahlala basondelana futhi. Bagaxana. Imilomo yathintana ngokushesha. UBheki wathi ukukhuluma noma kungezwakali ukuthi uthini. Babhekana manje. Bahlangana ngezifuba futhi. Umlomo emlonyeni. UBheki wayizwa iminwe kaLindiwe izungeza emuva kwezindlebe zakhe. Wahlasela uBheki entanyeni ngezandla.<br>“Kuzoqhamuka umama wakho Bheki. Mana bo.” ULindiwe lowo ohlebayo. Ethuke uBhekani. Angakhulumi. Babukane. Bahleke bobabili.<br>“Uyangixolela Bheki?” |

2.11 Ngubani oxoxa noBhekani ekuqaleni kwalesi siqeshana? (1)

2.12 Uvelaphi uBhekani njengoba esethi usebuyile? (1)

2.13 Yini le eyenza uBhekani angayi kolala kwaTholakele ngalobu busuku? (2)

2.14 Wathi uyaphi uBhekani kuLindiwe ngesikhathi eyolunguza oTholi nomlungu wakhe. (2)

2.15 Zifundo zini esizifunda kubalingiswa bale noveli? Bhala isifundo ESISODWA ngomlingiswa ofunde kuye isifundo. (2)

2.16 Bhala izinto EZIMBILI ezabonwa uBhekani ngesikhathi elunguza endlini kaTholakele. (2)

2.17 Ubani igama lomnikazi wendlu okuhlala/okuqashe kuyo uTholakele. (1)

2.18 Igama likaBhekani lihambisana kanjani nokwenzeka endabeni? (2)

2.19 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaBhekani wawuyomeluleka ukuthi aganwe ngubani/ashade nobani uBhekani? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 3: *KUSA KUSA*–**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

***(Ngawo uMgqibelo ntambama. Izintombi zihleli ekamelweni likaNomcebo ziyaxoxa, zilalele umsakazo.)***

| | |
|---|---|
| ZENZILE: | Wasasa nje namhlanje Sebenzile, kwenzenjani? |
| NOMCEBO: | *(Ngokubhuqa)* Phela belimkhiphile isoka lakhe elisha. |
| ZENZILE: | Kambe awosho ntombi, luhambe kanjani usuku lwakho? |
| FAKAZILE: | Usichazele nangaye uSibali wethu omusha uqobo ukuthi ungumuntu onjani. |
| SEBENZILE: | Naze nazithanda izindaba bo! |
| ZENZILE: | Woza nazo ntombi size nendlebe. Nathi sizokuxoxela ngezinqumo zethu esizithathile. |
| | *(Ngokumangala)* Engabe yisiphi leso sinqumo, ngiyoke ngizwe. |
| NOMCEBO: | Shesha phela Sebenzile. Sengijahe ukuzwa uZenzile ukuthi ufuna ukusitshelani. |
| FAKAZILE: | Empeleni akukuningi nami engizokusho. Phela besiqala ukuba ndawonye. Besisafundana. Benginamahloni naye futhi. |
| SEBENZILE: | Kepha yena ubukeka njengomuntu onothando, futhi olungile. |
| FAKAZILE: | Ubekukhiphele kuphi? |
| SEBENZILE: | Hheyi Ntombi besise- “Kings.” |
| ZENZILE: | Ikuphi-ke lapho? |
| SEBENZILE: | ENyukhasela Zenzile, edolobheni. |
| ZENZILE: | Kwenziwani? |
| SEBENZILE: | Kusehhotela Zenzile. Ungazi kanjani kodwa ngoba awufuni ukuhlukana nalo Vusi wakho? |

| | |
|---|---|
| FAKAZILE: | Siphi isipho akuthengele sona nokwenza bekuwusuku lwakho lokuzalwa? |
| SEBENZILE: | Iwashi lesiliva mngani. Sabuye saya kwaFoschini, wafike wathi angikhethe. Engikufunayo. |
| FAKAZILE: | Wathathani-ke ntombi? |
| SEBENZILE: | Ngisabile ukuthatha izinto eziningi. Ngithathe i-*jean* nama-*boots.* |
| ZENZILE: | Kusho ukuthi ikuthanda ngempela le ndoda. Unenhlanhla mngani wami. |
| FAKAZILE: | Awuze nazo nawe Zenzile. Sekuyisikhathi sakho. Ugcine wenzenjani ngoVusi wakho? |
| SEBENZILE: | Kambe Sebenzile wawuthe uzomala? Bese ngikhohliwe, uyazi. |
| ZENZILE: | Ngangingadlali ngenkathi ngisho njalo. |
| FAKAZILE: | Ngabe usumalile njalo? |
| ZENZILE: | Kunjalo zintombi sengimalile. Ngithe kuye angaphinde abeke umconjwana wakhe lapha. |

3.1 Bazana kanjani laba abaxoxa kulesi siqephu esingenhla? (1)

3.2 USebenzile wathola sipho sini esokeni lakhe elisha? (1)

3.3 Ubani owaba nomthelela ekutheni uZenzile ahlukane noVusi? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

3.4 Wayemangazwa yini uNomcebo? (2)

3.5 Ubani ummeleli walo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa (2)

3.6 Yini edala ukuthi Abalingiswa balo mdlalo bahlale emqashweni? Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

3.7 Hlaziya isizinda salo mdlalo ngokwendawo. (2)

3.8 Phawula ngobuhlakani bombhali ekuqambeni abalingiswa amagama, ubhekise kuSebenzile noZenzile. (2)

3.9 Ngokubona kwakho, phakathi kwabangani baZenzile imuphi owayemunika iziyalo ezinhle? Sekela impendulo yakho. (2)

3.10 Kwabe kungubani igama lesoka kaZenzile ayitholelwa uSebenzile? (1)

3.11 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo? (2)

3.12 Ngokubona kwakho, kwakufanele yini uVusi alelwe ukuthi akasebenzi? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

| | |
|---|---|
| VUSI: | *(Ebuka izimvilophi eziphethwe nguNomcebo.)* Ngabe usungumseshi yini Nomcebo? Waphatha izimvilophi namapeni? |
| NOMCEBO: | *(Emoyizela)* Wena unguye yini ngoba nawe uphethe lokhu engikuphethe? |
| | Ngazi ngani Ntombi? Phela ikusasa alaziwa. Ngingahlukana nawe izolo uyilokhu, ngakusasa ngikuthole ungomunye. |
| VUSI: | Lutho-ke Vusi, ngizoposa lapha. Nami ngizozama inhlanhla. Sengikhathele ukusebenza lapha kanti nemali ayikho. Nami ngingaze ngilingeke, ngiqome indoda ngoba ngifuna imali. |
| NOMCEBO: | Hhayi, ngiyabona. Uqinisile kumele nawe uzimele. Ungathembeli komunye umuntu. |
| VUSI: | Kunjalo impela futhi umuntu kumele umthande nje ubuyena. Ungamthandeli izinto anazo, ngoba ngezakhe. Uzofa nazo akushiye wena ungenalutho. |
| | Awusho-ke uzoposela kuphi lapho uzozama inhlanhla ngakhona. |
| NOMCEBO: | Ngizoposela esibhedlela sangakithi kwaNongoma kanye nesalapha eNyukhasela. Ngibone lapho ngifunda iphephandaba ngoLwesine. Kuthiwa kufuneka abahlengikazi abazoqeqeshwa behola. Ngase ngithi angisaliyeki leli thuba ngoba kade kwasa ngilifuna empilweni yami. |
| VUSI: | *(ethi ukuhleka kancane)* Hawu nami ngizoposela kulezo zibhedlela ozibalayo. |
| NOMCEBO: | Kanti nawe Vusi uyakuthanda ukuba umhlengikazi? Bengingazi, uyazi bengizokutshela. |
| VUSI: | Umsebenzi engiwuthanda ngayo yonke inhliziyo yami yilowo. |
| NOMCEBO: | *(Embheka ngqo emehlweni)* Ngathi ngiyakubona usutatazela, wehla wenyuka ulungisela iziguli izidingo zazo. *(Bahleke)* |
| VUSI: | *(Ekhipha iduku esikhwameni sebhulukwe, asule ubuso.)* Hawu! Awusho, ugcine nini ukuyobona uZenzile noSebenzile? |

| | |
|---|---|
| NOMCEBO: | Ngake ngaya ukuyobabona. Ngagcina uSebenzile elindele ukuyohlolwa ingalo kanti uZenzile wayelindele ukuba ahlinzwe. |
| VUSI: | (*Emangala)* Kahle bo wena! |
| NOMCEBO: | UFakazile uyile-ke izolo wabuya nabo. |
| VUSI: | Ngabe banjani? |
| NOMCEBO: | *(Ebheka phansi)* Heyi Vusi, laba bantu bakuvusela umunyu uma unabo. |
| VUSI: | Banjani kanti Nomcebo? |
| NOMCEBO: | USebenzile sebemfake ingalo yensimbi, kanti uZenzile usehamba ngesitulo esinamasondo. |
| VUSI: | *(Ethuka)* Hhayi bo! Nomcebo. Ubothi uyadlala. |

**[35]**

3.13 Baficana kuphi laba abaxoxayo? (1)

3.14 Ezani izimvilophi abaziphethe? (1)

3.15 Ngokwalesi uNomcebo ukhuluma ngobani owalingeka? (1)

3.16 Khetha impendulo enembayo kwezilandelayo: (2)

Umusho ongezansi obhalwe ngokuhlukile uchaza ukuthi:

*Phela Ikusasa alaziwa.*

A. Ikusasa liqhakazile.
B. Akekho owaziyo ukuthi kuyokwenzekani esikhathini esizayo.
C. Ikusasa lomuntu imfihlo yakhe.
D. Kuhle okuza kusasa.

3.17 UNomcebo ungowokuzwalwa kwaNongoma. Caphuna umusho esiqeshini ofakazela lokhu. (2)

3.18 Tomula amazwi aveza uNomcebo njengomuntu ongafuni ukuthembela komunye umuntu ukuze aphile. (2)

3.19 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 3.19.1 UMthiyane | A. Insizwa efesa noVusi |
| 3.19.2 UVusi | B. Induna yasegalaji |
| 3.19.3 USifiso | C. Ummeleli |
| 3.19.4 UMangobese | D. Umngani kaZenzile |
| 3.19.5 UFakazile | E. Unina kaMxolisi |

1X5
(5)

**NOMA**

**UMBUZO 4: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

*(Kwamfundisi ebusuku. USonto ungqongqozela umfundisi.)*

| | |
|---|---|
| MFUNDISI: | *(Esemnyango)*. Hawu! Ndodakazi, kanti nguwe? *(Ngokumangala)* Kwenzenjani wasingqongqozela ebusuku kangaka? Kukhona yini okonakele. |
| SONTO: | *(Eshalaza)* Ngicela singene endlini baba. |
| MFUNDISI: | *(Emngenisa.)* Kulungile ngena ndodakazi. Hlala phansi, nasi isihlalo. |
| SONTO: | *(Ekhipha isibhamu ekhomba umfundisi.)* Ungixolele mfundisi nami angizenzi. |
| MFUNDISI: | *(Etatazeliswa ukubona isibhamu.)* Kwenzenjani manje ndodakazi, esani isikhali. |
| SONTO: | Mfundisi nginike yonke imali yomnikelo. |
| MFUNDISI: | Yini indaba, ufuna ukuyoyifaka ebhange yini ndodakazi? |
| SONTO: | *(Ethukuthela.)* Yeyi wena khehla, musa ukulokhu ungibambezela lapha. Asihambe uyovula isisefo, Isikhathi siyangishiya. |
| MFUNDISI: | Ngane yami beka phansi isikhali sikhuleke, musa ukuvumela uSathane … |
| SONTO: | *(Useqala ukukhala.)* Angifune mkhuleko, ngifuna imali mina mfundisi. |
| MFUNDISI: | *(Esondela kuye.)* Ungakhali ndodakazi, uSathane lo okukhohlisayo. Ngakho-ke ungamvumeli. Kuzolunga ndodakazi, kuzolunga. |
| SONTO: | *(Izinyembezi sezehla ngamandla.)* Bab'uMfundisi<br>Usathane kade angiqala, seku-*late* akasale eseyekwa angiqedele. |
| MFUNDISI: | *(Esedabukile naye esegcwele izinyembezi emehlweni.)* Ndodakazi, asikhuleke mntanami. *(Waguqa ngamadolo.)* |
| SONTO: | *(Ngezwi elinosizi.)* Angeke usangisiza umkhuleko baba, sengibole kakhulu. Empeleni kade ngazibolela. |
| MFUNDISI: | Ndodakazi… |

| | |
|---|---|
| SONTO: | *(Akhulume uMfundisi engakaqedi ukukhuluma.)* Siphelile manje isikhathi sokukhuluma, Sukuma uyongivulela isisefo. *(Asule izinyembezi ngengalo.)* |
| MFUNDISI: | *(Ngokutatazela.)* Angibange ngisayifaka esisefweni, ingale ekamelweni lami lokulala. |
| SONTO: | *(Emqhuba ngesibhamu.)* Asihambe uyonginikeza. |

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo kulsi siqeshana? (1)

4.2 Ngubani isibongo sikaMfundisi okuxoxwa naye kulesi siqeshana? (1)

4.3 Kwadalwa yini ukuba imali ingafakwa ebhange ngalolo suku? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

4.4 Ubani owaqhamuka nomqondo wokuthi imali hambe noMfundisi? (2)

4.5 USonto wagcina eyitholile yini imali ngaleli langa? Chaza okwenzeka ngephuzu ELILODWA. (2)

4.6 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.7 Tomula umsho enkulumweni kaMfundisi okhombisa ukuthi waba budedengu ngokugcina imali yesonto. (2)

4.8 Yini le uSonto ake wayenza nemenza athi akasale eseyekwa uSathane amqedele? (2)

4.9 Ngokuwufunda kwakho lomdlalo, ngabe ubani ummeleli? Sekela impendulo yakho. (2)

4.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? (2)

4.11 Lo mdlalo wenzeka ngesikhathi samanje. Fakazela lokhu ngephuzu ELILODWA (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

(*Ngakusasa. USonto ubize uMthofi ekuseni ecabanga ukuthi uMbhele uyovula ezitolo kanti ukwaDlamini noNtshangase bacashile bangabonwa muntu ukuze bakwazi ukubona ukuthi bangobani labz abantu abazenzela umathanda bafika noma inini emzini kaMbhele uma uMbhele engekho.)*

MBHELE: Sengathi silinde into engekho lapha Ntshangase.

NTSHANGASE: Bekezela ndoda, angithi umzwile uDlamini uthe bayafika nasemini.

MBHELE: Uma bengezi namuhla sizokwenze njani?

NTSHANGASE: Sizokwenza elinye ithuba size sibabone ukuthi bangobani. *(Kwaphazamisa uDlamini engena ephefumulela phezulu.)*

DLAMINI: Nabo-ke sebefikile abenzi bobubi, lunguzani ngefasitela ukuze nibabone kahle. Nami ngihlale ngibabuka ngalo leli fasitela uma benza le migilingwane yabo. *(Balunguza oMbhele noNtshangase ngefasitela njengokusho kukaDlamini.)*

MBHELE: (*Ehlahla amehlo.)* Hhayibo! Ngiyaphupha yini?

NTSHANGASE: Yini, ubonani Mbhele? Wababaza kangaka nje?

MBHELE: Lo mintu ongena emzini wami yilo muntu owabulala umkami engangishade naye ngingakashadi noSonto!

NTSHANGASE: Uqinisile?

MBHELE: Kangingabazi! Yilo muntu obizwa ngokuthi uMthofi. Wagwetshwa iminyaka eyi-15 ngokufa kukamkami. Ngizwe kuthiwa usandakuphuma nje emva kokuba ephulelwe isigwebo ngenxa yokuziphatha kahle.

DLAMINI: *(Enikina ikhanda.)* Ikhona kuziphatha kahle-ke lokhu?

MBHELE: Umkami uhlanganisani nabantu engingezwani nabo? Okusho ukuthi ufuna ukungibulala!

4.12. Bakuphi oMbhele noNtshangase ngokwalesi siqephu? (1)

4.13. UMbhele uhlobene *related* kanjani nalaba:

4.13.1 uDlamini (1)

4.13.2 uNtshangase (1)

4.14. Obani amagama ezigebengu ezasisemzini kaMbhele ngalolo suku? (2)

4.15. Kungani uMthofi waphulelwa isigwebo seminyaka eyi-15? Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

4.16. Ubani igama lengane kaSonto noMbhele? (1)

4.17. Phawula ngomyalezo noma isifundo esitholakala kulo mdlalo. (2)

4.18. Ngokwakho ukubona ngabe kwakufanele yini uMbhele ame ngesikhathi imoto eyayimlandela imkhanyisela amalambu imyalela ukuba ame? Sekela impendulo yakho. (2)

4.19. Uyagculiseka yini isiphetho salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**